**ISIQEPHU A: IMIBHALO**

**INDLELA YOKUMAKA:**

- Uma izimpendulo zingalandelananga kahle; landela okushiwo umhlahlandlela wokumaka.
- Uma upelomagama lushintsha umqondo wempendulo; umfundi akawatholi amamaki kodwa uma ungaguquki umqondo wempendulo; umfundi uyawathola amamaki aphelele.
- Uma umfundi engasebenzisanga abacaphuni lapho kufanele khona makangaphucwa amamaki.
- Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo: YEBO/CHA noma VUMA/PHIKA kumele zisekelwe ukuze umfundi athole amamaki.
- Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo: IQINISO/AKUSILO IQINISO noma UMBONO/IQINISO kumele zisekelwe ukuze umfundi athole amamaki.

**UMBUZO 1: *INDABA EMFISHANE: ISILILO* – Gugulethu B Mazibuko**

**'KWATHI DWE' – Siphamandla Clement Mathaba**

1.1 UMdletshe.√ (1)

1.2 UMnguni wathi kukhona ayesakwenza. √/Ngeke asahambisana naye ntambama ukuyophalaza enyangeni. √ (1)

1.3 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wathi akahlukane nomyeni wakhe. √/
- Wambuza ukuthi ufuna ukuyenzani indoda yakhe. √/
- Wathi akafuni umuntu ozombhidlizela umuzi wakhe. √/
- Wamtshela ukuthi angahambi nendoda yakhe uma eseya enyangeni, ahambe yedwa. √ (2)

1.4 Izinkulungwane ezintathu zamarandi. √/Ama-R3000.√/ u-R3000 (1)

1.5 UNdangala. √ (1)

1.6 Wayesola ukuthi umngani wakhe unedliso elimenza athithibale. √ Wayefuna ukuthi ayophalaziswa.√ (2)

1.7 Umbuka kabi.√√ (2)

1.8 Imveza njengomuntu ongahloniphi. √/onolaka √ ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayememeza ngesikhathi ekhuluma noMdletshe. √/
- Uma ekhuluma noMnguni kwakuba sengathi ukhuluma nengane. √/
- Indoda yakhe uyayilawula, akayiniki ithuba lokubeka imibono yayo. √ (2)

1.9 Ngiyavuma ngoba

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Sivezelwa yena uMaKhoza indaba iqala ize iyofika ekugcineni. √/
- Sethulelwa yena ekuqaleni lapho ebhekene nenkinga yokuyofuna umuthi ukuze adlise indoda yakhe. √/
- Izigameko noma udweshu oluningi luthinta yena. √ (2)

1.10 Uvezwe njengomuntu onothando√/oneqiniso√/onobuntu√ ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Simthola emkhathalele umngani wakhe, uMnguni, engafuni ukuthi angene ehlazweni lokulawulwa inkosikazi yakhe. √/
- Watshela uMnguni iqiniso ngezinsolo zakhe zokuthi unedliso. √/
- Wayesiza uMnguni ngokuthi amgibelise emotweni yakhe uma beya emsebenzini ngaphandle kokubheka inkokhelo. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

1.11 Isiphetho sale ndaba sihle ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Sithola ingwijikhwebu kulesi siphetho, uMdletshe usizwa nguye uNdangala obemfake enkingeni. √√/
- Umbhali usishiye nemibuzo eminingi engaphendulekanga njengokuthi yagcina impilo injani phakathi kukaMnguni noMaKhoza emva kokuba sekuthe dwe kuMnguni. √√/
- Isiphetho siqoqekile akubanga khona ukuthemeleza. √√ (2)

1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Abazwelanayo naye bayothi:
Yebo, ngiyazwelana naye ngoba:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaKhoza wamdlisa ngomuthi wentando ukuze ezwe yena. √/
- UMaKhoza wamthithibalisa ukuze ahlale ehlezi ekhaya angayi kwamanye amadoda. √/
- UMnguni wayesephilisa okwesiboshwa emzini wakhe. √/
- UMaKhoza wayesemulawula njengengane engamvumeli ukuthi enze into ayithandayo. √

**NOMA**

Abangazwelani naye bayothi:
Cha, angizwelani naye ngoba:

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMnguni kwakumele abonisane namanye amadoda ngenkinga ayebhekene nayo emzini wakhe. √/
- UMnguni kwakumele azifundise ukuthi kukhona izindaba okumele kube ngezamadoda kuphela. √/
- UMnguni wazikhethela yena uMakhoza, ngakho-ke kwakumele amelane nazo zonke izinto ezazihambisana nesinqumo sakhe. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)
**[20]**

**UMBUZO 2: *INDABA EMFISHANE: ISILILO* – Gugulethu B Mazibuko**

**'UZINYOBULALA' – Mandla Maurice Ndlovu**

2.1 Wayecabanga ukuthi ucingo aludonsi lapho bekhona. √ (1)

2.2 Yingoba kwakunomsindo omkhulu wabafundi ngemuva.√ (1)

2.3 'Okunye futhi baba ubethe ngimcelele ukuthi angivakashele, abuye kusasa,' √ (1)

2.4 Wayemendlulela umbhede efaka okokundlala okusha nezimbali.√√ (2)

2.5 Wabona okwabe sekufakwe ku-*Facebook* okwakuthinta izinto ezazimhlambalaza ezazenzeke ngayizolo.√√ (2)

2.6 D√/bhasi.√ (1)

2.7 Bangabe besachitha sikhathi. √√ (2)

2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umbhali usifundisa ukuthi abanye abazali bazikhulisa kahle izingane zabo njengoba kwakwenza uMusa nonkosikazi wakhe uDudu kuLihle kodwa zona zivele ziphume eceleni kwesinye isikhathi njengoba kwenza uLihle. √√
- Izingane kumele ziqaphele abangani ngoba bayafakana ezinkingeni njengoba uLihle wangena ehlazweni ngenxa kaMbali. √√/
- Abantu abasha kumele basebenzise izinkundla zokuxhumana ngendlela eyakhayo, bahloniphe amalungelo abanye abantu, bangabaqophi izithombe ngaphandle kwemvume yabo njengoba kwenzeka kuLihle. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

2.9 Izimpendulo zokwehluka

Abanye bayothi ikusasa lakhe lalingeke libe lihle √ ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ubudlelwane bakhe nabazali bakhe babuzokonakala ngenxa yezinto ezase zivele ezinkundleni zezokuxhumana. √/
- Wayengeke esakuthola ukwesekwa abazali bakhe emva kokuhlazeka kwakhe emphakathini. √/
- Wayengeke esakwazi ukugxila ezifundweni zakhe emva kokuphoxeka ezinkundleni zezokuxhumana. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.)

**NOMA**

Wayezoba nekusasa eliqhakazile √ ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Abazali bakhe babephila kahle futhi behlala endaweni ephezulu. √/
- Abazali bakhe babelihlelele ikusasa lakhe ngoba babefuna aqhubeke nezifundo zakhe. √/
- Wayengeke afane nezinye izingane ezike ziswele imali yokubhalisa emanyuvesi emva kokuqeda umatikuletsheni. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

2.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ngokwale ndaba nguyena owayehlohla uLihle ukuthi enze izinto ezibheke eceleni. √√/
- Ngelanga lomcimbi wabafundi nguyena owayephethe isikhwama esasinezinto ezingaqondakali. √√/
- UMbali nguye owaxhumana nabazali bakaLihle ngesikhathi sekubuywa emcimbini wabafundi. √√/
- UMbali wacela kubaba kaLihle ukuba indodakazi yakhe imvakashele ngalolu suku ngoba efuna ukufihla ihlazo lokuphuza kukaLihle. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

2.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMusa wayeyikhulisa kahle indodakazi yakhe, enomthetho oqinile. √√/
- UMusa wayengayivumeli indodakazi yakhe ukuthi ivakashele umngani wayo. √√/
- UMusa wayeyinikeza uthando indodakazi yakhe ukuze ingaphumeli ngaphandle iyofuna uthando. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

2.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Akulungile ukuthi abafundi baphuze uphuzo oludakayo. √√/
- Kuyihlazo ukuthi abafundi baqabulane futhi baphathaphathane ezindaweni zomphakathi. √√/
- Abafundi kumele bahloniphe amalungelo abanye abantu, bangathathi izithombe zabanye abantu ngaphandle kwemvume yabo. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 40**